

# Vuk'uzenzele



Produced by Government Communications (GCIS)

English/isiZulu

| Nhlabha 2019 Ushicilelo I

## Mother receives National Order for brave son



■ Sarah Tambani and her grandchild, eight-year-old Tshiamo, looking at a picture of her late son Thapele who received the National Order of Mendi for Bravery.

**THAPELO TAMBANI** braved a waterlogged and muddy trench to rescue a friend.

Silusapho Nyanda

**A** 10-year-old deaf boy who died saving another child

posthumously received a National Order, the Order of Mendi for Bravery in Silver.

The National Orders are

the highest awards that South Africa bestows and are presented annually by the President of South Africa.

Thapele Tambani's mother Sarah Tambani received his award from President Cyril Ramaphosa, in recognition of the little boy's selfless act of saving another life, which led to his unfortunate demise.

Thapele drowned last year in a muddy construction pit after successfully pulling a friend to safety.

The tragedy took place in Soshanguve, north of Pretoria. According to media reports at the time, Thapele's friend had fallen into the large pit, which was filled with muddy rain water, at an excavation site. Thapele managed to save his friend but was overcome by the mud.

Thapele's mother said his heroic act, although painful, was part of his character – he was a helpful boy, she said.

She said her son was very clever and had received three certificates of excellence at school.

Speaking ahead of the ceremony, the mother said that her son's hearing impairment did not hold him back.

"Even though he could not

● **Cont. page 2**



**Inspiring the car designers of tomorrow**

**Page 6**



**Teen farmer makes dad proud**

**Page 9**



ALSO AVAILABLE ON:



@VukuzenzeleNews



Vuk'uzenzele

Websites: [www.gcis.gov.za](http://www.gcis.gov.za)

[www.vukuzenzele.gov.za](http://www.vukuzenzele.gov.za)

E-mail: [vukuzenzele@gcis.gov.za](mailto:vukuzenzele@gcis.gov.za)

Tel: (+27) 12 473 0353

**FREE COPY**

**Did you know?** THE 2019 ELECTIONS WILL BE HELD ON 8 MAY 2019



# UHulumeni useka i-ECD

**U**Hulumeni uzinikele Ohlelweni Lokuthuthukiswa Kwezingane Zisencane (i-ECD), olwamukelwa umhlaba wonke njengohlelo olubaluleke kakhulu kubantu olungenziwa izwe.

“Uma sifuna ukuqeda inhlupheko kufanele sifundise izingane zabampofu,” kusho uMongameli u-Cyril Ramaphosa kwiNkulumo yakhe Echaza Isimo Sezwe (i-SoNA) yezi-2018.

Ukuntuleka kwamathuba kanye nokungenelela ngesikhathi ingane isakhula kungabeka izingane ezisencane engcupheni futhi kufiphaze nethuba lokuba ziphumelele.

Nakuba kunjalo, ngowezi-2009 uDkt. Juliana Seleti, ongungoti we-ECD eNyuvesi yaseNyakatho Ntshonalanga ngesikhathi kubanjwe uMhlangano weBhange Lomhlaba omayelana noHlelo lokuNakekelwa Nokuthuthukiswa Kwezingane e-Afrika wathi, umbuso wobandlululo wangaphambi kowe-1994 awubakhiphelanga eceleni abantwana.

Yayingekho inqubomgomo ye-ECD, nakulabo bantwana bavela kumakhaya anothile, kwakunezikhungo ze-ECD eziyidlanzana, futhi babeyingcosana nabantwana ababezuza kuzona.

Uthe ukuthuthukiswa kwenqubomgomo ehleliwe ye-ECD eNingizimu Afrika kwaqala kuphela uma kuqala iminyaka yo-1990, ngemuva kokukhululwa ejele kowayenguMongameli u-Nelson Mandela.

Ngowezi-2003 uMnyango wezokuThuthukiswa Komphakathi, wezeMfundo Eyisisekelo kanye noweze-



Mpilo yayise isisungule izinqubomgomo zayo ze-ECD; amagatsha nezigaba okusebenzayo kwasungulwa futhi imali yokuxhasa i-ECD yafakwa kusabelomali kusukela ngonyaka wezi-2000.

I-ECD kusukela lapho yaba

**“Uma sifuna ukuqeda inhlupheko, kufanele sifundise izingane zabampofu.”**

mqoka kuhulumeni futhi iKhabhinethi yagunyaza Inqubomgomo Edidiyelwe kaZwelonke ye-ECD ngoZibandlala kowe-2015, ukuze kuguqulwe ukuphakelwa kwezidingo ze-ECD eNingizimu Afrika ngokudingida amagebe asemqoka nokuqikelela ukunikezela ngosizo lwe-ECD olugcwele futhi olulinganayo kubo bonke abantwana.

## I-ECD iya ngaphansi koMnyango Wezemfundo Eyisisekelo

Umsebenzi wezikhungo ze-ECD ususukile ngaphansi koMnyango Wezokuthuthukiswa Komphakathi waya ngaphansi koMnyango Wezemfundo Eyisisekelo, ngabantwana abadlulile kwizi-700 000 kumanje abathola usizo lwe-ECD ezweni lonkana.

“Leli igxathu elisemqoka kunqubekelaphambili yezemfundo kubantwana abasebancane ezweni lethu futhi, uma lwenziwe ngendlela efanele, kuzoba igxathu elibalulekile ekuzuzeni umbono wezi-2030 woHlelo Lokuthuthukiswa Kwezwe (i-NDP). Nakuba kunjalo, uma zingekho izinhlelo ezicacile nezinyathelo ezibonakalayo, lesi simemezelo ngeke silethe inzuzo ezweni noma kuzakhamuzi zalo ezisenzincane,” kusho uMongameli uRamaphosa.

Igxathu elilandelayo kulolu hlelo iminyaka emibili ephoqelela i-ECD kubo bonke abantwana, kumalungiselelo eBanga 1, njengoba kumemezele uMongameli Ramaphosa ku-SoNA yakhe yowezi-2019.

“Okunye okubalulekile okusemqoka ukuphucula kakhulu

ulwazi lokufunda eminyakeni yokuqala esikoleni. Lokhu kusemqoka ekucwijeni abantwana ukuba baphumelele kwezemfundo, emsebenzini nase mpilweni futhi kungenzeka ukuthi iyoba ndlela kuphela engasiza ukulwisana nobumpofu, ukungasebenzi kanye nokungalingani,” ngokusho kukaMongameli.

“Sizozandisa kakhulu izinsiza zokufunda kumazinga ayisisekelo kuthi eminyakeni eyisithupha ezayo sinike wonke umntwana wesikole oseNingizimu Afrika incwadi yokusebenzela kanye nezincwadi zokufunda ezitholakala ngohlelo-xhumano lwe-intanethi kuma-tablet. Sizozala ngalezo zikole ebezingenazo

izinsiza phambilini futhi ezisemiphakathini ehlupheka kakhulu, kubandakanya izikole zamabanga axutshiwe, izigaba ezixutshiwe, ezisemapulazini nezasekhaya,” engeza.

UNgqongqoshe wezeMfundo Eyisisekelo u-Angie Motshekga uthe umnyango usukulungele ukufaka izincwadi zokufunda ezenziwe ngohlelo-xhumano lwe-intanethi kusukela ngonyaka ozayo.

NgoNdasa 2019 Umnyango Wezemfundo Eyisisekelo – ubambisene ne-Vodacom Foundation, i-Nelson Mandela Foundation, Uphiko Lwezabesifazane leNhlangothi Yezizwe (i-UN) kanye ne-Global Citizen – inikezele ngesikhungo se-ECD e-Divhani Crèche nase-Frank Ravele Secondary School of Excellence e-Vhembe, eLimpopo.

Inkulisa, ingenye yezikhungo eziyi-15 ze-ECD ezikhethiwe ukuze zilungiswe kabusha, yathola ukwakhiwa kabusha kwengqalasizinda.

I-Frank Ravele Secondary School ingenye yezikole eziyi-12 ezifundisa Ama-khono Asezingeni Eliphezulu ezivezwe nguMnyango Wezemfundo Eyisisekelo ubambisene no-Vodacom, okumanje oxhumanisa izikole eziyizi-3000 kanye nezikhungo zothisha ezingama-92 izwe lonkana. ▀

## Ngabe bewazi?

- Umnyango Wezemfundo kaZwelonke uyaqhubeka nokunikela ngosizo lwezimali ku-ECD ohlelweni lwezibonelelo ezabelwe lokho.
- Isibonelelo se-ECD esibekelwe imigomo sizoxhasa abantwana abahluphekayo abalinganiselwa

ku-60 000 futhi siphucule izikhungo ze-ECD eziphakathi kwama-600 kanye nama-800 eminyakeni emithathu ezayo.

- Isabelomali esabelwe isibonelelo se-ECD sisuka kuzigidi ezingama-518 zamarandi onyakeni wezi-2019/20 ukuya kuzigidi ezingama-553 zamarandi onyakeni wezi-2020/21.

## Ukuthuthukisa abantwana

Izinsuku zokuqala eziyi-1 000 zomntwana kugxilwa ekudleni okwanele, ukunakekelwa, ukuphepha kanye nokuzikhuthaza. Kubantwana abaneminyaka esukela kwemibili ukuya kwemihlanu ubudala, kugxilwe kakhulu kumazinga okubakhuthaza kanye nokubanakekela, kulapho i-ECD idlala indima ebalulekile.

